

## 2. Ukushinshanisa izitshalo engadini


Lapha sichaza ukuthi akufuneki utshale uhlobo lwesitshalo esisodwa endaweni eyodwa iminyaka ilandelayo. Uyaqinisekisa ukuthi itshala isitshalo esehlukile ngonyaka olandelayo. Lokhu kungumqondo omuhle ngoba:

- ❖ Kunganda ukunqwabelana kwezifo nezinambuzane engadini. Uma utshala uhlobo olulodwa lwesitshalo izifo nezinambuzane ezithile ziyathokoza zigcina sezizwa zisekhaya ngoba ukudla kwazo kuhlala kukhona!
- ❖ Izitshalo ezehlukene zisebenzisa izinhlobo ezehlukene zomsoco ogcinwe enhlabathini. Ngokushinshanisa izitshalo awenzi kusebenziseke uhlobo olulodwa lomsoco enhlabathini olunye uhlobo lomsoco lube kungasebenziseki.
- ❖ Kuhlala kukhona izitshalo engadini unyaka wonke.
- ❖ Ezinye izinhlobo zezitshalo zifaka isikhuthaza (nitrogen) enhlabathini. Isibonelo salezi zitshalo ngu Bhontshisi, uphizi, Ubhombhom (broad beans), isoyabeans kanye ne "Vetch" (isitshalo esifana nophizi esisetshenziselwa ukwenza umanyolo oluhlaza).
- ❖ Kugwema ukuthi inhlabathi ingaze ibe sesimweni sokuthi singezwani nezitshalo ezithile. Isibonelo lapha ukuthi ezinye izinhlabathi zigcina sezinezibungwana ezincane ezibizwa ngama "nematodes", ezenza ukuthi kube lukhuni ukutshala otamatisi nesipinashi kuleyondawo. Lezibungwana ngeke sikwazi ukuzibona ngamehlo enyama. Zihlala enhlabathini kanti ziziphilisa ngokuthi zidle izimpande zezitshalo.
- ❖ Akwenzeki ukuthi sigcine sibona ingadi igcwele ukhula oluthile.

Lapha sizobonisana ngezindlela ezimbili zokushinshanisa izitshalo. Ungazama ukuzihlola zombili ubone ukuthi iyiphi indlela ekusebenzela kangcono.

### Indlela Yokuqala

Izitshalo zishinshana ngalendlela elandelayo:




# Indlela Yesibili

## Ezithela phezulu




## Ezithela ngamaqabunga



## Ezithela ngaphansi



## Ezine medumba



A SIMPLE ROTATION: DIVIDE YOUR GARDEN INTO FOUR EQUAL PARTS. THE NEXT TIME YOU PLANT, MOVE EACH FAMILY OF VEGETABLES TO THE NEXT PLOT.

From: The People's Farming Workbook, EDA, 1995

Lungisa indawo ozotshala kuyo noma umbhede kahle. Faka ikhomposi eningi noma umquba omningi embhedeni wakho (amafosholo amane kwi square metre esisodwa).

Qala ngokuthi utshale isitshalo esithela ngaphezulu (fruiting crop). Lezizitshalo zidinga ukudla okuningi. Izitshalo ezithela ngamaqabunga (leaf crops) azikudingi ukudla okuningi, ngakhoke zingalandela ama "fruiting crops". Okulandelayo

### UKUSHINSHANISA OKULULA:

INGADI IHLUKANISWE AMAPLOTI

AMANE ALINGANAYO.

NGESIKHATHI ESILANDELAYO

SOKUTSHALA, DLUISELA UHLOBO

LWEZILIMO EPLOTINI ELANDELAYO.

kungaba yilezo ezithela phansi (root crops) ngaphandle kokuzikhathaza okungakanani ngokuvundisa inhlabathi. Izitshalo ezithela phansi ayawuthanda umhlabathi ovundile kepha aziwudingi umquba osemusha, umquba kumele kube ovuthiwe. Izitshalo ezisabhontshisi (legumes) zingalandela, kulekelelwe ngokuthi kunezezelwe ngomquba othe xaxa. Emuva kwalokho kumele ulungise indawo olima kuyona kabusha kahle futhi. Qala phansi umjikelezo wakho futhi ngokuthi utshale izitshalo ezithela phezulu (fruiting crops).

## Ukulamanisa izitshalo engadini (Plant succession)

Ngalokhu sichaza ukuthi kumele utshale imbijana yezitshalo kodwa njalo nje. Lokhu sikwenzela ukuthi sibe nesiqiniseko sokuthi kuhlale kukhona izitshalo engadini esidla kuzo isikhathi eside. Uma sitshala iphakethe lonke lembewu ngesikhathi esisodwa, sizolinda isikhathi sokuvuna, bese sivuna kube kanye sibuye sisonge izandla, kanti lokhu akulungile!!!

Umbono ukuthi uhlukanise iphakethe lakho lembewu izigatshana ezine. Kufanele utshale lezigatshana emasontweni amabili kuya kwamathathu.

Uma sitshala imbijana yembewu ngesikhathi, ungatshala esitsheni ezincane noma emabhokisini. Qinisekisa ukuthi lokho otshala kukho kunezimbobo ngaphansi. Kufanele amanzi akwazi ukuphuma ngaphansi uma kade unisela.

- ❖ Thatha ingxenye eyodwa yesihlabathi, ingxenye eyodwa yekhomposi esefiwe nezingxenye ezimbili zenhlabathi yangaphezulu esefiwe, ukuxube ndawonye.
- ❖ Bulala amagciwane kulenxube ngokuthi uyothele ngamanzi abilayo, bese uyomisa ngaphambi kokuthi utshale imbewu. Lendlela ibulala imbewu yokhula engase ikuhluphe kanye nezifo zezitshalo ezitholakala enhlabathini.

Tshala imbewu ngendlela ongatshala ngayo uma utshala embhedeni

